



Growing up in a time of AIDS: Abaqophi basOkhayeni Abaqinile Children's Radio project

Ukuphila nethemba nenhlanhla / Living with hope and good fortune

Sinenhlanhla, 12 years old, 2005

- SINE:** Namhlanje isimo sezulu ilanga liyashisa. Nginyaqala ukuba yintatheli, sengiyezwa ukuthi kumnandi. Ngiyajabula. Kumnandi ukuba yintatheli ngoba siyahamba endaweni eningi futhi sizogcina sesikhuluma kumarediyo...
- Igama lami nginguSinenhlanhla. Ngifunda Okhayeni, ngifunda ugrade 7. Ngihlala eMaranatha eduze naseNgwavuma.
- Manje sisendleleni siyahamba sibheke lapha kwamaMyeni. Umalo uwashela ummaMyeni uyagula.
- TRANSLATION:** Today the weather is hot. Today I start to be a reporter, and I can feel that it is nice to be a reporter. I feel happy. It is nice being a radio reporter because we go to many places and we will end up talking on the radio...
- My name is Sinenhlanhla. I learn at Okhayeni, I am doing grade 7. I live at Maranatha near Ingwavuma.
- Now we are on the way to the home of Ma Myeni. My mother is washing clothes for Ma Myeni who is sick.
- SINE:** Nazi izimpahla eziwashwe wuMama. Zinekwe ocingweni nasefensini. Ziningi. Kunezingubo, nengubo yezingane iyikhipha, neyikhindi. UMama izimpahla uyaziwasha uzigxoba ngezinyawo.
- TRANSLATION:** Here are the clothes that mother is washing. They are hung on the washing line and the fence. There are many clothes. There are dresses, and children's dresses, and shirts and shorts. Mum is washing the clothes by stamping them with her feet.
- SINE:** Sawubona Ma.
TRANSLATION: Hello mother.
- MAMA:** Yebo ngani yami.
TRANSLATION: Hello my child.
- SINE:** Unjani?
TRANSLATION: How are you?
- MAMA:** Siyaphila.

TRANSLATION: We are fine.

SINE: Ngalithola kanjani igama lami?
TRANSLATION: How did I get my name?

MAMA: Igama lakho lasukela ekubeni ngangiyi kudokotela ngikhulelwe. Wase udokotela angitshela ukuthi ngikhulelwe amawele. Manje ke mangikhulelwe amawele ke wayesethi akazi ukuthi kusezoba yini, kodwa ke ucabanga ukuthi kuzoba ngamantombazana. Ngathi sinethemba ukuthi nizofika, uyabona? Kusho ukuthi ngalolusuku enafika ngalo emhlabeni ngase ngiqamba usinethemba, ngathi ngiSinethemba. Ngithe ngisalindele lokhu ngisithi sinethemba kuzofika wena. Uthe ma use uphumile wena ngathi nguSinenhlanhla, yingakho ngakuqamba ngathi unguSinenhlanhla.

TRANSLATION: Your name comes from the time I went to the doctor when I was pregnant. The doctor told me I was pregnant with twins. He said he was not sure what sex the babies would be, but he thought they would be girls. And then the day you both arrived on earth I gave the name Sinethemba – I said I have hope. I was still waiting for you, but I said I have hope that you would arrive. And when you came out I said we have good fortune, and that's why I called you Sinenhlanhla.

SINE: Kuyakujabulisa yini ukuthola amawele?
TRANSLATION: Were you happy to get twins?

MAMA: Ngajubula kakhulu mntanami!
TRANSLATION: I was very happy my child!

SINE: Nali iwele lami. Nangu uNobuhle umngane wethu uzosiqopha.
TRANSLATION: Here is my twin and here is Nobuhle our friend who is going to record us.

NOBUHLE: Ungubani igama lakho?
TRANSLATION: What is your name?

SINE: Igama lam nginguSinenhlanhla.
TRANSLATION: My name is Sinenhlanhla.

NOBUHLE: Iwele lakho lona wubani?
TRANSLATION: Who is your twin?

SINE: USinethemba.
TRANSLATION: Sinethemba.

NOBUHLE: Nineminyaka emingaki?
TRANSLATION: How old are you?

SINETHEMBA: Sineminyaka ewu 12.
TRANSLATION: We are twelve years old.

NOBUHLE: Wena Sinethemba kunjani ukuba yiwele noSinenhlanhla?
TRANSLATION: Sinethemba what is it like being Sinenhlanhla's twin?

SINETHEMBA: Kumnandi, ngoba siyasizana.
TRANSLATION: It is nice, because we help each other.

NOBUHLE: Nisizana ezintweni ezikanjani?
TRANSLATION: How do you help each other?

SINE: Uma ngiphatheke kabi ngiyadlala naye, noma ngicule naye.

TRANSLATION: If I feel sad I play with her or I sing with her.

NOBUHLE: Yiliphi iculo enithande ukulicula ninoSinenhlanhla?
TRANSLATION: What song do you like to sing with Sinenhlanhla?

SINE and SINETHEMBA: Nkosi Sikelel'

NOBUHLE: Ngicela nilicule.
TRANSLATION: Please sing it for me.

[singing of Nkosi Sikelel']

SINE: Igama lenja yami nguDanger. UDanger ngoba uyathanda ukukhonkotha uma ebona abantu bedlula ngasekhaya. Umangidlala nenja ngiyadlala nayo ngokuthi ngifike ngiyithuse ibesaphi iyangigijimisa ngibaleke ingikhokotho.

Ekhaya sihlala noMa, NoSinethemba, noMlungisi noNtuthuko. UBaba wami wayesemsebenzini wayefika nje esivakashela. Kwathi ngo2003 wabuya esegula. Wasuke washona ngoJulayi. Sayakhona emngcwabeni mina noSinethemba sakhala, wasuka ubaba omncane wasithulisa wasisusa duze nakhona. UBaba wasishiyela imoto enhle ekhaya yishayelwa nguMa. Mhla esekhona uBabayi wayethi "Asigibeleni emotweni sihambe". Sijabule ngoba wayefika esithengele izinto ezimnandi noma ebuya emsebenzini. Mina uma ngiphatheke kabi siyacula noSinethemba sidlale.

TRANSLATION: My dog's name is Danger. Danger because he likes to bark when he sees people passing our house. When I play with the dog I tease it by giving it a fright and then it chases me and barks at me.

At home I live with Mum, Sinethemba, Mlungisi and Ntuthuko. My father was away at work and he would only come home for visits. In 2003 he came back sick. He died in July. At the funeral Sinehlanhla and I cried, and then my uncle comforted us and took us a little way from there (the graveside). When my father was still alive he would say "Let's get in the car and go". We were so happy because he came and bought us nice things when he came back from work. Whenever I feel sad I sing and play with Sinethemba.

SINE: Ngibingelele obhuti bami nosisi bami, ngibingelele bonke nje emakhaya. Goodbye kumngane wam engimthandayo uSinethemba, kumzali wami ngifisa ukuthi bye bye Mama wami engimthandayo. Umlayezo engiwudlulisayo wukuthi nginithanda nonke emakhaya.

TRANSLATION: I greet my brothers and my sisters. I greet everyone in their homes. Goodbye to my lovely friend Sinethemba, to my parent I wish to say bye-bye my mother whom I love. My message to you is that I love you all at home.



For further information contact:

Helen Meintjes
HIV/AIDS Programme, Children's Institute
helen.meintjes@uct.ac.za
+27 21 689 5404



Bridget Walters
Zisize Educational Trust
bridgetw@iafrica.com
+27 35 572 5500



Web: www.ci.org.za/depts/ci/prg/radio_project/index.htm